



Nalibali

It starts with a story...

Hooked on books!


Sharing the joy and excitement of books is part of a communication process that will enable you and your children to share knowledge, thoughts, enthusiasms and opinions for many years to come.

In his book, *Hooked on books*, Jay Heale explains how to create 'a book atmosphere' at home: 'I was once invited to the home of parents who were worried that their son didn't read enough books,' he says. 'I looked round their beautifully furnished lounge with its view of the sea and there wasn't a book in sight. They wanted their son to fall in love with a habit they themselves had done away with long ago.' If books are a normal part of your home, then reading books is likely to be a normal activity.

There are only so many minutes in a day. But you know that already! Machines are greedy. They soak up the moments when your children might have reached for a book. Yes, we're talking about television, computers, cellphones, game consoles and all the others. Think of it as a diet. When a baby is born, you watch his or her diet carefully. You try to ensure that the whole family follows a balanced diet. That's for the body. The mind needs a balanced diet as well. Books are food for the brain. They offer 'mental protein' in the form of imagination, invention, contemplation, even appreciation of beauty and poetry in ways that machines cannot.

Of course, your growing children are going to make use of digital technology – far more than we ever did. Their expert little fingers and sharp eyes are going to shoot around the keyboard and key in instructions faster than we can follow! Digital technology will be a constant part of their world. Books should be there as well. Not to replace more recent technology, but to add to it. Remember that machines are supposed to *do* things for you. They don't *think* for you but books help us to think about the world around us.

Adapted from: *Hooked on books* by Jay Heale, published by Metz Press.



Ukuthanda ukufunda izincwadi!

Ukwabelana ngentokozo nesasasa lezincwadi kuyingxenye yohlelo lokuxhumana oluzosiza ukuthi wena nezingane zakho nabelane ngolwazi, enikucabangayo, ugqozi nemibono yenu eminyakeni eminingi ezayo.

Encwadini yakhe ethi, *Hooked on books*, uJay Heale uchaza ukuthi ungakhiwa kanjani 'umoya wendawo yokufundela izincwadi' ekhaya: "Ngake ngamenywa ekhaya labazali ababecabanga ukuthi indodana yabo ayifundi izincwadi ezanele," kusho yena. "Ngabuka leli gumbi lokuphumula elinefenisha enhle, obona nolwandle uma ukulona, kwakungekho neyodwa incwadi kulo. Babefuna indodana yabo ijwayele umkhuba nabo ababewuyeke kudala." Uma izincwadi ziyingxenye yokwejwayelekile yekhaya, maningi amathuba okuthi ukufunda izincwadi kube yinto ejwayelekile ukwenzeka.

Usuku lwakhiwa inani elithile lemezuzu. Kodwa sewuvele ukwazi lokhu! Imishini ingamagovu. Ithatha izikhathi izingane ezingabe zizichithe zivule incwadi. Yebo, sikhuluma ngamathelevishini, amakhompyutha, amaselula, imidlalo yamakhompyutha kanye nayo yonke eminye imidlalo. Cabanga njengendlela odla


ngayo. Uma ingane izelwe uqaphela lokho ekudlayo. Uyazama ukuqinisekisa ukuthi umndeni wonke udla ukudla okunazo zonke izakhamzimba. Lokho kuqondene nomzimba. Nomqondo nawo udinga ukudla okunazo zonke izakhamzimba. Izincwadi ziwukudla komqondo. Zihlinzeka 'amaphrotheni engqondo' angaba ukuzakhela izithombe zomqondo, ukuqhamuka nezinto ezintsha, ukuninga ngokwenza okuthile, nokujabulela ubuhle nezinkondlo ngezindlela ezahlukene imishini engeke ikwazi ukwenza ngazo.

Empeleni, izingane zakho ezikhulayo zizosebenzisa ubuchwepheshe bamakhompyutha – kakhulu kunangendlela esasenza ngayo. Le minywana namehlwana abukhali kongoti kubheka i-keyboard bese kufaka imiyalo ngokushesha kunendlela ongakwazi ukukulandela ngayo! Ubuchwepheshe bamakhompyutha buzohlala buyingxenye yezimpilo zabo. Nezincwadi kumele zibe khona nazo. Zingathathi indawo yobuchwepheshe bakamuva, kodwa ukuze zengeze kubo. Khumbula ukuthi imishini kumele ikwenzele izinto. Ayikucabangeli kodwa izincwadi zikusiza ukuthi ucabange ngezinto ezisizungezile."

Kususelwe encwadini ethi: *Hooked on books* ebhalwe nguJay Heale, yashicilelwa yi-Metz Press.

Win! ★★

To win one of three copies of *Hooked on books* by Jay Heale, answer this easy question: **What is the name of the last book that you read with a child or children? Send your answers together with your full name, physical address and contact number to letters@nalibali.org or Nal'ibali, PO Box 1654, Saxonwold, 2132 by 7 December 2012.**



★★ Wina!


Ukuze uziwinele incwadi eyodwa ezincwadini ezintathu ezithi: **Hooked on books** ebhalwe nguJay Heale, phendula lo mbuzo olula: **Lithini igama lencwadi yokugcina owayifunda nengane noma nezingane zakho? Thumela izimpendulo zakho namagama akho agcwele, ikheli lasekhaya nezinombolo zokuxhumana ku-letters@nalibali.org noma ku-Nal'ibali, PO Box 1654, Saxonwold, 2132 kungakedluli umhla ziye-7 Disemba 2012.**



Drive your imagination

Dreaming big for our children.
It starts with a story...

Ukuba namaphupho amakhulu ezingane zethu. Kuqala ngendaba exoxwayo...



It starts with a story...



Story stars

Sharing a love of stories



Luleka Mehlomakhulu is a volunteer and storyteller at the KwaFaku Reading Club in Lower Crossroads, Cape Town – part of the NaIbali network of reading clubs. She takes her nine-year-old son, Oyintanda, with her to the club every weekend and when she's not volunteering at the club, Luleka participates in 'story time' activities at different schools as well as working every day at a local crèche. We chatted to her:

Why are reading clubs important?

At school, a lot of children do not enjoy reading and get frustrated, whereas children who attend the reading club benefit from reading and storytelling for enjoyment. At the club, I see children actively learning to read and write – even my own child! Before attending the reading club, Oyintanda was frustrated, stressed and got upset when he was forced to read. Now, he has started wanting to read... he'll open a book and knows how to take care of it. And he now asks me to read to him every day.

How do you take this further with your son?

I take him to our local library and let him choose different books each week.

What do you get out of being a reading club volunteer?

The best part is building relationships with children. By going to the reading club each and every week, the children have learned to trust me. I have also grown personally and learned a lot about myself. Recently I wrote a story about where I come from and where I want to go in life. I didn't think about writing a book until I started volunteering at the club... now I realise I want to be a writer.

How can you tell that the children at the club benefit from attending?

I can see that they develop an appreciation for my storytelling. The children greet me enthusiastically, asking: 'What story did you bring today?' And after every story I tell, they ask questions that help to broaden their minds and relate the story to their own lives. And I know they're listening because the children will ask me questions about a story I've read weeks ago.

How can parents get their children hooked on books?

You need to put in the time and encourage reading. Parents should try and spend just 30 minutes a day reading or telling stories to their children. This is what will make the difference because children will want to come back and read more. And if you don't have books, make up stories of your own!

Why do you think stories are important?

Through stories, children and adults can visualise making their dreams come true.



Luleka Mehlomkhulu

Shelley Christians

Abavelele ezindabeni

Ukwabelana ngothando lwezindaba

ULuleka Mehlomakhulu uyivolontiya nomxoxi wezindaba waKwaFaku Reading Club eLower Crossroads, eKapa – eyingxenye yamathimba okufunda angaphansi kohlelo lweNaIbali. Uya ethimbeni lokufunda nendodana yakhe eneminyaka eyisishiyagalolunye, u-Oyintanda, njalo

ngezimpelasonto, kanti uma engenzi umsebenzi wakhe wokuba yivolontiya eThimbeni lokufunda uLuleka ubamba iqhaza emisebenzini 'yesikhathi sezindaba' ezikoleni ezahlukene. Phakathi nezinsuku usebenza enkulisa yendawo. Sixoxisane naye:

Abaluleke ngani amathimba okufunda?

Izingane eziningi azikuthokozeli ukufunda futhi ziyaphazamiseka emoyeni esikoleni, kanti izingane eziya ethimbeni lokufunda ziyahlomula ekufundeni nasekuxoxelweni izindaba ukuzithokozisa. Ethimbeni lokufunda ngibona izingane zifunda ukufunda nokubhala – nengane yami imbala! Ngaphambi kokuya ethimbeni lokufunda u-Oyintanda wayephazamisekile emoyeni,

enengcindezi emoyeni futhi wayehluthuka uma ephoqwa ukuthi afunde. Manje useqale ukuthanda ukufunda ... uvula incwadi futhi uyazi ukuthi kumele ayinakekele kanjani. Manje usengicela ukuthi ngimfundele nsuku zonke.

Nakhela kanjani kulokhu nendodana yakho?

Siya emtatsheni wezincwadi wendawo bese ngimvumela ukuthi akhethe izincwadi ezahlukene isonto ngalinye.

Uzuzani ekubeni yivolontiya lethimba lokufunda?

Ingxenye ebalulekile ukwakha ubudlelwane nezingane. Ngenxa yokuya kwami ethimbeni lokufunda masonto onke, izingane sezifunde ukungethemba. Ngikhulile mina uqobo futhi ngifunde lukhulu ngami. Ngisanda kubhala indaba mayelana nalapho ngisuka khona nalapho ngifuna ukuya khona empilweni. Bengingakaze ngicabange ngokubhala izincwadi kwaze kwaba sekuqaleni kwami ukuba yivolontiya ethimbeni lokufunda ... manje sengiyabona ukuthi ngifuna ukuba umbhali.

Ubona kanjani ukuthi izingane ezisethimbeni lokufunda ziyahlomula ngokuza kwazo ethimbeni?

Ngiyabona ukuthi ziyakuthanda ukuxoxa kwami izindaba. Izingane zingibingelela ngesasasa, zingibuze ukuthi: 'Usiphathele yiphi indaba namhlanje?' Njalo ngemuva kokuba sengixoxe indaba zibuza imibuzo esiza ukunweba imiqondo yazo kanye nokuthi zibone ukuxhumana kwendaba nokwenzeka ezimpilweni zazo. Ngiyazi ukuthi zisuke zilalele ngoba zingibuza imibuzo emayelana nendaba engiyifunde emasontweni amaningi edlule.

Abazali bangenza kanjani ukuthi izingane zabo zithande ukufunda izincwadi?


Kumele uzinikeze isikhathi bese uhlwanyela kuzo ukufunda. Abazali kumele bazame ukuchitha okungenani imizuzu engama-30 befundela noma bexoxela izingane zabo izindaba. Yilokhu okuzokwenza umehluko ngoba izingane zizofuna ukubuya zizofunda futhi. Futhi uma ningenazo izincwadi, zenzeleni izindaba zenu!

Kungani ucabanga ukuthi zibalulekile izindaba?

Izingane kanye nabantu abadala bangazakhela isithombe sokwenza amaphupho abo abe yimpumelelo ngezindaba.

To read more about Luleka Mehlomakhulu and other Story Stars, visit www.nalibali.org.

Ukuze ufunde kabanzi ngoLuleka Mehlomakhulu kanye nabanye Abavelele Ezindabeni vakashela ku-www.nalibali.org.



Create your own mini-book Zenzele ibhukwana lakho

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
 2. Fold it in half along the black dotted line.
 3. Fold it in half again.
 4. Cut along the red dotted lines.
1. Khipha ikhasi 3 ukuya ku 6 kulesi sithasiselo.
 2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
 3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
 4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



Get story active!

After you and your children have read *Scary footsteps* you might want to try out some of these ideas.

If you have 10 minutes...

- Look at the pictures again and talk about what your children think Lindi might be feeling. How would they feel if they were Lindi?
- In the story, Lindi feels scared. Encourage your children to talk about things that they are scared of and what they do when they feel scared. Suggest simple things they can do to manage their fears.

If you have 30 minutes...

- Tell your children a story you know about a child who disobeys a parent or grandparent or one in which there is a monster. If you don't know any stories like this, try making your own up or tell a story about a time when you were disobedient as a child!

If you have one hour...

- Invite your child to use the identikit below to draw and describe the scariest monster he or she can imagine!

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ngemuva kokuba wena kanye nezingane zakho senifunde *Izigi ezisabisayo* kungenzeka nithande ukuzama eminye yale miqondo.

Uma ninemizuzu eyi-10...

- Bhokani izithombe futhi bese nixoxa ngokuthi nicabanga ukuthi ngabe uLindi uzizwa kanjani. Bebezozizwa kanjani uma bebenguLindi?
- ULindi uzizwa esaba endabeni. Gqugquzela izingane zakho ukuthi zikhulume ngezinto ezisesabayo kanye nokuthi zenzenjani uma zizizwa zethukile. Yenza isiphakamiso sezinto ezingatheni nje ezimbalwa ezingazenza ukuze zilawule ukwesaba kwazo.


Uma ninemizuzu engama-30...

- Xoxela izingane zakho ngendaba oyaziyo emayelana nengane engahloniphi umzali, ugogo noma umkhulu wayo noma indaba emayelana nesilwane esesabekayo. Uma zingekho izindaba enizaziyo ezifana nalezi, zama ukuzenzela ezakho noma uxoxe indaba emayelana nesikhathi lapho wawuyihlongandlebe!

Uma ninehora elilodwa...

- Cela ingane yakho ukuthi isebenzise isifanekiso (identikit) esingezansi ukuze idwebe futhi ichaze isilwane esesabeka kakhulu engasicabanga!

Identikit Isifanekiso



Name of monster/Igama lesilwane esesabekayo: _____

Hair colour/Umbala wezinwele zaso: _____

Number of eyes/Inani lamehlo aso: _____

Height/Ubude baso: _____

Body size/Ubukhulu bomzimba waso: _____

Place where it lives/Indawo esihlala kuyo: _____

Place last seen/Indawo esagcina ukubonwa kuyo: _____

Time of day last seen/Isikhathi esagcina ukubonwa ngaso: _____

Other information/Eminye iminingwane: _____

Write the sounds that these animals make in their speech bubbles.

Bhala imisindo eyenziwa yilezi zilwane emabhamuzeni azo enkulumo.



Story corner

Here is the final part of the story about the duckling, who thought he was ugly, for you to read-aloud or tell.

The ugly duckling (Part 2) Retold by Sindiwe Magona

The winter was long and lonely. For many months the ugly duckling didn't go near the water. But, at last, spring arrived. The flowers woke up and the birds started singing. In his heart something woke up too. 'I want to swim,' thought the ugly duckling. A warm glow of happiness spread over him when he saw the vleis. He was not afraid that the other birds would laugh at him. He was so happy that he completely forgot to feel ugly. 'I am going to swim again!' he cried.

Suddenly, the ugly duckling saw the flock of graceful white birds with their long necks and wide, outstretched wings. To his amazement, they headed straight towards him. Maybe they thought he was someone else. Oh, dear, they would soon discover that he could not be their friend. But the swans came nearer and nearer.

'They're going to play a trick on me,' thought the duckling. He started swimming away as fast as he could. The swans chased him, calling, 'Wait for us!' But the louder they called, the faster he swam.

At last, he stopped. He was totally exhausted. He summoned all the courage left in his young heart and asked, 'What do you want of me?' The beautiful swans swam up close, craned their graceful necks, opened their eyes wide and said, 'Hello, swan. Don't run away. You belong with us.'

'Swan? I am not a swan,' whispered the ugly duckling. How could these lovely creatures tease him like that. Sadly he looked down and as he did so, he saw his reflection in the water.


The ugly duckling could hardly believe his eyes! 'This is me! I am not ugly anymore,' he cried. 'I am a beautiful swan!' Now the tears in his eyes were tears of joy.

As he grew older, the swan who had been an ugly duckling never forgot his past. He remembered how unloved and miserable he had felt when others were unkind to him. So he treated everyone kindly and, in return, he was loved by all.

Adapted from *The Ugly Duckling* and *UDadana Ombi*. Published by Jacana. © 2010



Illustrations by Natalie Hinrichsen
Imidwebo yenziwe uNatalie Hinrichsen



Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yesibili yendaba emayelana noDado owayecabanga ukuthi mubi ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa.

UDado Omubi (Ingxenye yesi-2) Ixoxwa nguSindiwe Magona

Ubusika babubude futhi nesithukuthezi sasisikhulu. Kwaphela izinyanga uDado omubi engazange alubeke eduze namanzi. Kodwa ekugcineni yafika iNtwasahlobo. Izimbali zaqala zavuka nezinyoni zaqala zacula. Nasenhliziyweni yakhe kwaba khona into evukayo. 'Ngifuna ukubhukuda,' kucabanga uDado omubi. Wezwa engenwa umoya wenjabulo uma ebona ixhaphozi. Wayengesabi ukuthi ezinye izinyoni zizomhleka. Kwakumjabulisa ukuthi usekhohlwe nya, ukucabanga ngobubi bakhe. 'Ngizophinda ngiye kobhukuda futhi!' kusho yena.

Khona manjalo, uDado omubi wabona umhlambi wezinyoni ezimhlophe ezinezintamo ezinde kanye namaphiko abanzi, andlalekile.

Okwamethusa ukuzibona ziza ngakuyena. Mhlawumbe zazicabanga ukuthi ungomunye nje umuntu. O, nkosi yami, zizosheshe zibone ukuthi akakwazi ukuba umngane wazo. Kodwa ama-swans asondela ngakuye kancane, kancane.

'Azoganga ngami,' kucabanga uDado omubi. Waqala ukubhukuda ebaleka ngokushesha ngendlela ayengakwazi ukwenza ngayo. Ama-swans amlandela, ememeza, 'Silinde!' Kodwa ukumemeza kwawo kwamenza abaleka kakhulu.

Ekugcineni, waze wama. Wayekhathele ephelile. Waqunga isibindi wabuza wathi, 'Nifunani kimina?' Ama-swans amahle asondela ngakuye, elula izintamo zawo ezinde, avula amehlo awo athi, 'Sawubona, swan. Ungabaleki. Ungomunye wethu.'

'I-Swan? Angiyona i-swans,' kunyenyeza uDado omubi. Sezingaze zingiqale kanje pho lezi zinyoni ezinhle kangaka? Wabheka phansi ngokudangala, ngesikhathi enza lokhu wazibona emanzini. UDado omubi akazange awakhohle amehlo akhe! 'Yimina lo! Angisemubi manje,' esho ekhala. 'Ngiyi-swans enhle!' Manje izinyembezi ezisemehlweni akhe zaphenduka izinyembezi zenjabulo.

Ekukhuleni kwayo i-swans eyayiyidada elibi ayizange ikhohlwe ngomlando wayo. Yayikhumbula kahle ukuthi yayingathandwa kangakanani nokuthi kwakubhulungu kangakanani uma abantu bengakhombisi uthando.

Ngakho-ke yayibaphatha kahle bonke, ngokunjalo nayo yayithandwa kakhulu yibo bonke.

In your next Nal'ibali supplement:

- Writing with children
- The story, *Just now, Ben*
- A fun-to-play board game
- A zig-zag book, *Listen!*

Can't wait until next week for more reading and story tips, tools and inspirational ideas? Visit www.nalibali.org or find us on Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA



Find us on Twitter: @nalibaliSA
Sithole ku-Twitter: @nalibaliSA

Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ukubhala nezingane
- Indaba, *Awume kancane nje, Ben*
- Umdlalo osoqwembeni okumnandi ukuwudlala
- Incwadi emazombezombe, *Lalela!*

Ngabe awukwazi ukulinda kuze kube ngesonto elizayo ukuze ufunde nokunye kanye namathiphu endaba, amathuluzi kanye nemiqondo evusa usinga? Vakashela ku-www.nalibali.org noma usithole ku-Facebook: www.facebook.com/nalibaliSA




Scary footsteps is one of 36 stories available in the Little Library Kits for Numeracy, Literacy and Life Skills. Each kit contains 60 readers (5 copies of 12 stories), 12 big books, 12 posters and a comprehensive teacher's guide. All the readers and the big books are available in all 11 official languages. For more information please visit our website www.cup.co.za.

Cambridge University Press
P O Box 50017, V&A Waterfront, 8002
Tel 021-4127800 | Fax 021 4198418
Email info@cup.co.za




Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment initiative to get people in South Africa – children and adults – passionate about telling and reading stories. For more information, visit www.nalibali.org



Nal'ibali umkhankaso kazwelonke wokujabulela ukufunda ukwenza ukuthi abantu baseNingizimu Afrika – izingane nabantu abadala – babenogqozi lokuxoxa kanye nokufunda izindaba. Ukuthola ulwazi olunabile, vakashela e: www.nalibali.org

CAMBRIDGE

Scary footsteps Izigi ezisabisayo



Lindi Mahlangu
Lungi Maseku
Joan Rankin





One day, Lindi went for a walk. "Bye-bye, Papa!" she said.


"Don't go near the forest. A big monster may be there!" warned Papa. But Lindi took the path through the forest. She skipped and sang:

*"Skip, skip, one, two, three
Silly monsters don't scare me!"*

Ngelinye ilanga, uLindi wayezihambela elula izinyawo. "Sala kahle, Baba!" evalelisa.

"Ungasondeli ehlathini. Kungenzeka ukuthi kunenunu enkulu!" kuxwayisa uBaba. Kodwa uLindi wathatha indlela enqamula ehlathini. Wayecula egxumagxuma.

*"Gxu, gxu, kunye, kubili, kuthathu
Izinunu ezingasile azingethusi mina!"*



Then she heard heavy footsteps ...

Gromp! Gromp! Gromp! Gromp!

"It must be a monster with huge feet!" cried Lindi.

What could it be? Was it a monster?

Wayesezwa izigi ezinkulu ...

Gi! Gi! Gi! Gi!

"Kufanele ukuthi yinunu enezinyawo ezinkulukazi!" kumemeza uLindi.

Kungaba yini? Ngabe yinunu?



No, it was two big dogs! The dogs followed Lindi.
 One girl and two big dogs skipped through the forest.
*"Skip, skip, one, two, three
 Silly monsters don't scare me!"*

Cha, kwakuyizinja ezimbili ezinkulu! Izinja zamlandela uLindi.
 Intombazane eyodwa nezinja ezinkulu ezimbili zagxumagxuma zinqamula ehlathini.
*"Gxu, gxu, kunye, kubili, kuthathu
 Izinunu ezingasile azingethusi mina!"*



Suddenly they heard loud snorting ...
Hrof hrof! Hrof hrof! Hrof hrof! Hrof hrof!
"It must be a monster with an enormous nose!"
 cried Lindi.

Ngokuphazima kweso bezwa ukuthimula okukhulu ...
Hro hro! Hro hro! Hro hro! Hro hro!
"Kufanele ukuthi yinunu enekhala elikhulu!" kubabaza uLindi.
 Kungaba yini? Ngabe yinunu?

No, it was three snorting pigs! The pigs followed behind them. One girl, two dogs and three pigs skipped through the forest.

*“Skip, skip, one, two, three
Silly monsters don’t scare me!”*



Cha, kwakuyizingulube ezintathu ezithimulayo!
Izingulube zazibalandela.
Intombazane eyodwa, izinja ezimbili nezingulube
ezintathu zanqamula ehlathini.

*“Gxu, gxu, kunye, kubili, kuthathu
Izinunu ezingasile azingethusi mina!”*

Suddenly they heard a noisy crunch, crunching ...
Crunchety! Crunchety! Crunchety! Crunchety!

“It must be a monster with gigantic teeth!”
said Lindi.

What could it be? Was it a monster?



Ngokuphazima kweso bezwa ukuqhobozela
okunomsindo, kuqhobozela ...

Qhobo! Qhobo! Qhobo! Qhobo!

“Kufanele kube yinunu enamazinyo amakhulukazi!”
kukhala uLindi.

Kungaba yini? Ngabe yinunu?



No, it was four donkeys crunching carrots!
The donkeys followed behind them.

*"Skip, skip, one, two, three
Silly monsters don't scare me!"*

Then one girl, two dogs, three pigs and four donkeys saw ...

Cha kwakuyizimbongolo ezine ziqhobozela izaqathe!
Izimbongolo zabalandela.

*"Gxu, gxu, kunye, kubili, kuthathu
Izinunu ezingasile azingethusi mina!"*

Emva kwalokho intombazane eyodwa, izinja ezimbili,
izingulube ezintathu nezimbongolo ezine zase zibona ...




... a big scary monster!

... irhamncwa elikhulu
eloyikekayo!



*“Run, run, one, two, three
Scary monsters frighten me!”
They all ran for their lives.*

*“Gijimani, gijimani, kunye, kubili, kuthathu
Izinunu ezisabekayo ziyangethusa!”
Bonke bagijima bathi galo yephuka.*



They ran all the way home.

Bagijima baze bafika ekhaya.

“Quick, quick, shut the door!”

“Sheshisa, sheshisa, vala umnyango!”





Then one girl, two dogs, three pigs and four donkeys heard ...
Creek! Creek! Creek! Creek!
The door handle turned.
The door opened... *Creeeek.*
What could it be? The door opened wide...

Emva kwalokho intombazane eyodwa, izinja ezimbili, izingulube ezintathu nezimbongolo ezine zase zizwa ...
Gudlu! Gudlu! Gudlu! Gudlu!
Isibambo somnyango saphenduka.
Umonyango wavuleka.
Kungaba yini?

“Hi, everyone!”

“Papa!”

Everyone sighed with relief!



“Sanibonani nonke!”

“Baba!”

ULindi wayejabule ukubona uBaba.